

UKUBEKA USUKU

Lubekwa kanjani usuku nge-eBooking?

17 kuLwezi 2020 - Sicela uqaphele ukuthi ithuba lokuthumela amaphepha akho entelangeniso egatsheni kunoma yimaphi Amagatsha akwa-SARS kuyavala ngoLwesine mhla zingama-22 kuMfumfu. Ukuthumela nge-elekthronikhi kwabakhokhintela besikhashana kuvalile mhla ziyi-16 kuLwezi 2020.

Yini odinga ukuyazi uma ubeka/unquma usuku?

- Sicela usho ukuthi usuku olubekayo/olunqumayo olwakho wena siqu, iNkampani, oMmelele noma isiSebenzi/iSazi seNtela.
- Abakhokhintela ababhalisile kwa-SARS kuphela abazokwazi ukubeka/unquma usuku. Abasebenzisi abangabhalisile bazodluliselwa kusizindalwazi se-eFiling ukuze babhalise.
- Uma singakwazi ukukuqinisekisa njengomkhokhintela, ommelele inkampani noma isazi sentela esibhalisile, angeke ukwazi ukubeka usuku lokuvakashela igatsha.
- Sicela uqinisekise ukuthi uyifaka yonke imininingwane yakho njengoba ibhalisiwe kwa-SARS, kungenjalo uhlelo lwekhompyutha angeke lukwazi ukuqinisekisa imininingwane yakho.
- Abangezona izakhamizi zaseNingizimu Afrika bazovunyelwa ukuba basebenzise izinombolo zamaphasiphothi amazwe angaphandle. Izakhamizi zaseNingizimu Afrika kumele zisebenzise izinombolo zomazisi bazo uma bebeka usuku.
- Sicela uqaphele ukuthi kumele usihlinzeke ngenombolo yakho yeselula esemthethweni kanye/noma nekheli lombikombani (i-imeyili).
- Usuku ozolukhetha alukwazi ukuba ngaphezulu kwezinsuku ezingama-60 ngaphambi kosuku lokuvakashela igatsha. Usuku lokuvakashela ongakwazi ukuluthola lungaba semva kwamahora angama-48 ukusukela ngesikhathi obeka ngaso usuku.
- Sisodwa kuphela isikhala sesikhathi esingakhethelwa usuku olubekiwe/oluqokiwe.
- Ukubeka izinsuku ezilandelayo (okwaziwa nge-block bookings) akuvumelekile.
- Uma usuku olubekiwe seluqinisekisiwe uzobe usuthola isiqinisekiso esisemthethweni ngombikombani/nge-imeyili noma nge-SMS, okuzobe kunenombolonkomba.
- Ngosuku lokushayelwa ucingo olunevidiyo noma ukukhuluma ocingwenit:
 - I-ejenti yakwa-SARS izokushayela ucingo lapho uzozwa khona izwi kuphela noma lube nevidiyo isebenzisa i-*Microsoft Teams*, ku-inthanethi.
 - Sizozama ukuqinisekisa ukuthi wonke amakhasimende afike ngesikhathi azosizwa ngesikhathi esiphasisiwe ngesikhathi bebeka usuku lokuvakashela igatsha.
 - Amakhasimende azofika emva kwesikhathi esibekiwe angase alahlekelwe yizikhathi lezo, bese kudingeka ukuba aphinde abeke olunye usuku lokuvakashela egatsheni.
- Uzobekwela umhlangano ne-ejenti eqondene nosizo lwakho kanti futhi ngeke uvunyelwe ukuba ucele usizo kwenye i-ejenti, ngaphandle uma kubuye kwabukhwa futhi.
- Sicela uqinisekise ukuthi uwathumele wonke amadokhumenti asekelayo, ahambisana nombuzo wakho, nge-elekthronikhi uma ucele ukushayelwa ucingo olunevidiyo noma olunezwi kuphela, ngaphambi kosuku nesikhathi obekelwe khona kungenjalo abakwa-SARS bangase bangakwazi ukukusiza ngombuzo wakho.
- Ungathumela amadokhumenti afanele nge-elekthronikhi ngokusebenzisa i-[SARS Online Query System](#).
- Sicela ubheke [amadokhumenti asekelayo adingekayo lapha](#).
- Uma usubekelwe usuku lokuvakashela igatsha, uzobe usukwazi ukuthola usizo ngokugcwalisa amaphepha akho eNtelangeniso i-ITR12 ngokusebenzisa usizo lwethu lwe-voice call-back olumahhala.
- **Kunconywa ukuba usebenzise Google Chrome, Microsoft Edge, Firefox noma Safari ukuze uthole ifomu lokubeka usuku lokuvakashela igatsha HHAYI i-Internet Explorer.**

Ngemininingwane eyengeziwe ngale nqubo, sicela ubheke kusiqondiso sokubeka usuku lokuya egatsheni lapha [Guide on Book an Appointment at a SARS Branch](#).

Sicela uqaphele ukuthi izinqubo ezingakazenzekeli ngokuphelele okuzobhekwanazo ngokubeka usuku lokuvakashela egatsheni. Ungakwazi ukukhetha lezi zinqubo ohlwini ngesikhathi ukhetha usuku ozoya ngalo egatsheni. Uma inqubo ofuna ukuyiqedela ayiveli ohlwini - kusho ukuthi ungakwazi ukukwenza lokho emigudwini esebenzisa i-inthanethi.

[Cofa lapha ukuze uvule ifomu lokubeka usuku ekhasini elisha](#)